

IZIGI

THE OFFICIAL NEWSLETTER OF SAFDA

MAY - JULY 2023



RV Price April 2023: R6521,14 (an increase of R1086,07 vs Previous Season) D factor 0,483462

**PG
3-4**

Ungqongqoshe
uDidiza unikeze
abalimi abasathuthuka
umanyolo
olinganiselwa ku
R99 million



**PG
5**

I-SAFDA yamukele
isinquomo
sokungashintshwa
kwentela kashukela



**PG
6**

Inani lokugcina le-
RV PRICE ye-season
ka 2022/2023



**PG
7**

Kuvakashelwe
kabusha u-phase 1
we-master plan



CONTENTS



3-4 Ungqongqoshe uDidiza unikeze abalimi abasathuthuka umanyolo olinganiselwa ku R99 million

5 I-safda yamukele isinqumo sokungashintshwa kwentela kashukela

6 Inani lokugcina le-RV PRICE ye-season ka 2022/2023

7 Kuvakashelwe kabusha u-phase 1 we-master plan

8-9 Ukungenelala kwe-SAFDA Kulethe imiphumela Emihle Kubalimi Abasathuthuka

10-12 Izikhukhula zidale umonakalo omkhulu kubalimi base Mpumalanga

13-15 I-SAFDA ixhase i-NCORA ngama-hectare angu 100 kambila

16-17 Ithala Development Finance Corporation

UNGQONGQOSHE UDIDIZA UNIKEZE ABALIMI ABASATHUTHUKA UMANYOLO OLINGANISELWA KU R99 MILLION



UNgqongqoshe we-Agriculture, Land Reform and Rural Development, uThoko Didiza, unikezele ngomanyolo ekuqaleni kwenyanga ka Ephreli kubalimi abasathuthuka bomoba eGingindlovu, abakhombise okukhulu ukujabula. Lokhu bekungxene yemizamo kahulumeni yokusiza abalimi asebekuthola kunzima ukuthenga umanyolo olokhu unyuke njalo ngamanani ngenxa yezimpi ezibekhona phakathi kwe-Russia ne-Ukraine, kanye nokugcwala kwamanzi emasimini ngenxa yezikhukhula ezihlasele isifundazwe saKwaZulu Natali (KZN) ngo2022.I-SAFDAngokubambisana ne-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development neminye imikhakha kahulumeni basebenza kanzima ukubhekana nalezinselelo ezibhekene nabalimi abamnyama, ikakhulukazi labo abasathuthuka.

Abalimi abangaphezulu kuka 6000 okuhlanganiswa kubo namalungu omphakathi babe ingxene yalomcimbi obuseGingindlovu obuthanyelwe uNgqongqoshe uThoko Didiza, Usekela Ngqongqoshe, uNozuko Capa, Usekela Ngqongqoshe uMcebisi

Skwatscha, izikhulu eziphezulu zoMnyango, uNgqongqoshe we-KZN Agriculture & Rural Development, uMhlonishwa Super Zuma, Umlalazi Municipality wona ubumelwe uSekela Meya uCllr M Ngema kanye no-Speaker uCllr JK Powell abebehambisana namakhansela ahlukena alomasipala. Abaholi be-SAFDA nabo bebekhona kulomcimbi namanye amalungu obuholi obuhlukene bakulesifunda.

I-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development ixhase uhlelo kwe-SAFDA



Ratoon Management Project, olwenzelwe abalimi bomoba abasathuthuka, ngemali engu R99 651 240. Lephrojekthi kuhlelwe ukuthi ihlomulise abalimi abangaphezulu kuka 10 679 ngamasaka angu 116 415 kamanyolo ezindaweni eziyishumi-nanye kuma districts ayisithupha akWaZulu Natali. Izindleko ze-ratoon management sezinyuke kakhulu kusuka ku R800 nge-hectare elilodwa kuleminyaka emibili zafika ku R13000 kuya ku R15000 nge-hectare elilodwa kusukela ngo 2022.

Umanyolo ubaluleke kakhulu kwezolimo ukuze ugcine izitshalo zikamoba zikhula kahle futhi wenza izitshalo zikhule ngendlela efanele nangemuva kokuwiswa okungenzeka iminyaka elishumi uma umanyolo ufakwe kahle ezitshalweni zomoba. Ukunakekelwa kwezitshalo zomoba ngendlela efanele kwenza umoba ukhule ngendlela enhle, lokhu kubala ukunakekelwa kwezitshalo, ukubheka umsoco wezitshalo, ukukhishwa kwamagciwane nezilwanyana ezidla izitshalo nokunye okuningi. Uma



izitshalo zomoba zinganakekelwa kahle lokhu kungaholela ekutheni lehle inani lomoba ovunwayo futhi kulimaze amasimi abalimi abasathuthuka abanamasimi omoba amancane.

I-SAFDA isebezisa ama-Farmer Production Support Units (FPSUs) njengomzila wokulethela abalimi usizo kwezolimo. Uhlelo lomanyolo nalo lulethelwa abalimi ngokusebenzisa wona ama-FPSUs. Ama-FPSUs ezisondelene nezindawo ezinemishini kashukela futhi ezisondelene nomasipala bezifunda. Sekuqualile ukusebenza kwalephrojekthi kuzo zonke izifunda futhi sekuya ngasemaphethelweni.



I-SAFDA YAMUKELE ISINQUMO SOKUNGASHINTSHWA KWENTELA KASHUKELA



Honourable Enoch Godongwana

Inhlangano ye-South African Farmers Development Association (SAFDA) isamuкеle ngenkulu intokozo isimemezelosika Ngqongqoshe wezimali, uMhlonishwa u-Enoch Godongwana, sokungayishintshi i-Health Promotion Levy (intela kashukela) kuleminyaka emibili ezayo. Lokhu kuyinto enhle kwimboni kashukela futhi kubalulekile kubalimi bethu abebekulindele ngabomvu ukuzwa izindaba ezinhle ezivela kuNgqongqoshe. Lesimemezelo esikhishwe uNgqongqoshe sizokwenza imboni ikwazi ukubheka amanye amathuba okwenza eminye imisebenzi, okuyinto ezokwenza imboni inciphise ushukela ovela kwamanye amazwe futhi kuzinze imboni kulelizwe. Imboni kashukela imatasibhekana namathuba okubalwa kuwo ukwenza uphethilomu, iprojekthi yebiofuel, i-polylactic nokunye okuningi. Lokhu kuzogwema

ukuphela nokuphuma abaningi kwemisebenzi kwabaliyi kwakulima kulomkhakha wokulima umoba.

Ngo 2018, i-Treasury yethule i-Health Promotion Levy (HPL) eziphuzweni eziphuzweni ezinoshukela esinama-grams angaphezulu kwamane kashukela ku 100ml ngamunye. Le-rate njengamanje ime ku 2.1 nge gram ngalinye kwisiphuzo sikashukela esinama-grams adlula kwamane ngo 100ml owodwa. Lokhu sekwehlise inani loshukela waseNingizimu Afrika osetshenziswa abakhqizi beziphuzo futhi baqhela kushukela womoba ukuze bagweme ukukhokha intela ephetzulu.

I-SAFDA ibonga ukungenelala kwe-Treasury lapho imemezele ukuthi izokhipha imali engu R695 million yokulekelela abalimi manje, iphindie ikhiphe u-R1 billion ngonyaka ozayo wosizo lezikhukhula

ezibe khona ngo 2021 nango 2022. Lemali izosiza abalimi abakhahlamezekile ngesikhathi kunalezikhukhula futhi abangakaze bathole usizo Iwezimali ukuze balungise imigwaqo yamasimi, izindlu zasemafamu abo nokunye okuningi. Siyatthemba ukuthi loluxhaso Iwezimali luzosiza abalimi bethu babuyele emsebenzini njengoba abanye bese bengasabenzi ngenxa yokungatholi usizo.

I-SAFDA ibonga umsebenzi omuhle owenziwe uhulumeni, ikakhulukazi ongqongqoshe ababili abenza konke okusemandleni ukusiza imboni ikwazi ukunqoba izinselelo ebhekene nazo, uNgqongqoshe Thoko Didiza noNgqongqoshe Ebrahim Patel, abalokhu besize njalo kwimizamo yokutakula nokuthuthukisa imboni kashukela edonsa kanzima.

INANI LOKUGCINA LE-RV PRICE YE-SEASON KA 2022/2023



Imboni kaShukela ivule i-season ne-RV Price elulamayo ka R5 621,76 ngethani elilodwa le RV yabe isivalwa i-season nge-RV Price ka R5 435,07 ngethani elilodwa le RV. Nge-season ka 2022/2023, kube khona okuhle kanye nokungekuhle nge RV Price, kodwa okungekuhle ikhona okuhambe phambili futhi kwaba nomthelela ongemuhle kwi-RV Price yokugcina. Okuhle okubonakele ilokhu okulandelayo:

• **Ukunyuka kwe-Notional Price**

- I-Notional price inyuke ngo 4% kusukela ngo 31 August 2022
- I-Notional price inyuke ngo 3,3% kusukela ngo 1 March 2023.

• **Ukunyuka kwe-Molasses Price**

- I-Molasses price inyuke ngo 5,9% kusukela ngo 31 July 2022

• **Amanani aphezulu ezimakethe zomhlaba wonke:**

I-season ka 2022/2023 iphele ku No.11 kwizimakethe zomhlaba inani liku US23,88c/lb uma lighathaniswa nenani lika US18,33c/lb lange-season ka 2021/2022.

• **Ibentekenteke i-weighted average ye-R/\$ exchange rate:**

I-season ka 2022/2023 iphele ne-R/\$ exchange rate ka R17,41 uma iqhathaniswa neka R15,20 yange-season ka 2021/2022.

Zibekhona izinselelo imboni ebhekene nazo nge-season ka 2022/2023. Izingqinamba ezibe nomthelela omkhulu ekwehleni kwe-RV Price kwi-season ka 2022/2023 kube

i-Local Market Redistribution (LMR) i-levy yokungakhokhelwa yakwa Tongaat Hulett Sugar (THS). Lokhu kungakhokhelwa kuholele ekutheni kuncishiswe imalingo R1,5 billion, kuyo uR962 million ubukhokhwe abalimi njengengxenye ye-Division of Proceeds (DoP) yemboni kaShukela. Okunye okube nomthelela ekwehleni kwe-RV Price yokugcina kube ukungabi khona kwe-carryover, okuholele ekutheni kwehliswe i-LMDE. Lesinqumo sathathwa i-Council ukuze kuncishiswe ubungozi bezimali ze-SASA njengoba bekukhokhelwa amathani abe i-carryover, okungasiyona indlela edingeka ezimakethe zakuleli futhi kukhiphe ubungozi obekungadalwa ukungakhokhi kwama-millers.

KUVAKASHELWE KABUSHA U-PHASE 1 WE-MASTER PLAN



U-Phase 1 we-Masterplan ka Shukela uphele ngo 31 March 2023 ngemuva kweminyaka emithathu wethulwa. Le-Masterplan ka Shukela yagunyazwa izona zonke izinhlaka ngo April 2020, kodwa ngenxa yokubambezeleka okudalwe i-Covid 19, yethulwa ngokusemthethweni ngo November 2020. U-Phase 1 wale-Masterplan ka Shukela ubuhlose ukuvuselela izimakethe zakuleli kunyuke nokuthengwa koshukela ngamathani okungenani angu 300 000 ngonyaka wesithathu. Ukweseka i-Masterplan ka Shukela, abathengi bazinikele ekutholeni u-95% woshukela abawudingayo ezimakethe zikashukela zakulelizwe. Ukwethulwa kwe-Masterplan ka Shukela sekudlale indima enkulu ekululameni kwemboni kashukela futhi kwaletha noshintsho oluhle olukhulu.

Imboni kaShukela ikwazile ukubuyisa amathani kashukela angu 288 557 abedingka ezimakethe

zakuleli, okuqhathaniswa netarget yamathani angu 300 000 ngonyaka wesithathu ku-Phase 1 wale-Masterplan ka Shukela. Lokhu kube ukunqoba okuhle kakhulu kwemboni uma kubhekwa izingqinamba ebezibhekene nalemenboni kusukela kwethulwa i-Masterplan ka Shukela. Imboni ka Shukela ihlaselwe uthuthuva lwezibhelu ezibekhona ngo July 2021, kwaphinde kwabakhona izikhukhula ngo April 2022 kanye nokucishwa kukagesi okulokhu kuqhubeke njalo eNingizimu Afrika.

Ngesikhathi kuqhubeke u-Phase 1 we-Masterplan ka Shukela, imboni ka Shukela izibophezele ukumisa ukunyuka kwe-notional price nentengo yabakhqizi boshukela okanye ukuwabeka amanani ngaphansi kwe-inflation yabathengi esikhathini seminyaka emithathu. Futhi ukunyuswa kwamanani akwenzekanga izikhathi ezidlule kwezimbili ngonyaka, uma kubhekwa izikhathi

lapho kungadayiswa kakhulu. U-Phase 1 we-masterplan ulethe impumelelo eningi futhi kube khona nezinselelo, lapho abalimi bebhokane khona nengcindezi yezindleko ngoba izindleko zomsebenzi wokukhiqiza umoba bezinyuka ngokushesha kune-RV Price, okwenze abalimi bakuthola kunzima ukwenza inzuzo. Noma ukudayiswa komoba ezimakethe zakuleli kululame kahle, uma kubhekwa ngaphambi kokwethulwa kwe-Masterplan kaShukela, ukunyuka kwezindleko okudalwe izimakethe zamazwe angaphandle, kuholele ekutheni imboni ihlangabezane nezinkinga. Abalimi abasathuthuka ibona abathintekе kakhlulu ngokunyuka kwezindleko zokwenza umsebenzi, ngaphandle kosizo lukahulumeni lokulethela abalimi abasathuthuka umanyolo, abanye abalimi bebezophuma kulemboni ka Shukela.

UKUNGENELELA KWE-SAFDA KULETHE IMIPHUMELA EMIHLE KUBALIMI ABASATHUTHUKA



Umoba isona sitshalo esikahle kubalimi abasathuthuka abavela ezindaweni zokuhlalaabantu, ikakhulukazi KwaZulu-Natali. Uma kuqhathaniswa inani lethani elilodwa lomoba nezinye izitshalo, ithani lomoba lingaphezulu futhi ukuwutshala kanye kwenza uwuvune iminyaka eyisikhombisa, ngaphansi kokuqala kabusha izitshalo zakho. Emyakeni edlule, imboniyomoba yehlelwedisibalo sabalimi abasathuthuka. Ezinye izimbangela zokwehla kwabalimi kube izindleko zokulima eziphezulu nezindleko zokuthutha umkhiqizo njengoba abalimi abaningi abasathuthuka beqhelelene kakhulu nemishini kashukela.

Enye yeziinhoso ze-South African Farmers Development Association (SAFDA)-ukuthuthukisa nokukhulisa abalimi abamnyama, ngokugxila kakhulu kubalimi abasathuthuka

abangaphansi lokubuyiselwa I-SAFDA isithule eziningi ngokusebenzisana nohulumeni ukuze kugcinwe futhi kukhule umkhiqizo womoba futhi abalimi abamnyama bakwazi ukwenza imali. Kulezinhlelo kubalwa uhlelo lomanyolo nelokunakekela amasimi ukuze kunqotshwe izindleko ezikhulayo zokwenza umkhiqizo, nokwakhiwa kwama-Farmer Production Support Units (FPSU's) ukuze abalimi bathole imishini nezinye izinsiza-kusebenza ezisondelene nabalimi abasathuthuka. Lezinhlelo zibe nomthelela omuhle kumkhiqizo womoba, zanyusa nemali engenayo kubalimi futhi zikhulise nesibalo sabalimi abangena embonini kaShukela, ikakhulukazi abalimi abasathuthuka.

Itafula elingezi sani likhombisa

kohlelo komhlaba. izinhlelo izinhlelo (2019/20 2021/22). Itafula lokuqala, likhombisa ukuthi inani labalimi abasathuthuka abamnyama linyuke ngabalimi abangu 1650, kwathi abalimi abamnyama abanamasimi amakhulu bona benyuka ngabangu-13. Silindele ukubona abalimi abamnyama abakhona njengamanje bekhulisa amasimi abo omoba futhi kujoyina abanye abalimi abamnyama abasha kulemboni kashukela kuma-season azayo. Ukudiliva umoba okwenziwe abalimi abasathuthuka nge-season ka 2021/22 kunyuke ngo 1.5% uma kuqhathaniswa ne-season ka 2019/2020, umoba abawudilive emishinini unyuke ngamathani angu 98 932, kwathi abalimi abamnyama abanamasimi amakhulu bona badiliva inani elinyuke ngamathani angu 44 199.

ITAFULA LOKUQALA: Abalimi bomoba

Uhlobo	Ukubachaza	Isibalo sabalimi nge-season ka 19/20	Isibalo sabalimi nge-season ka 20/21	Isibalo sabalimi nge-season ka 21/22
Black	Black Small-Scale Farmers	20 497	20 378	22 147
	Black Large-Scale Farmers	300	308	313
	Projects and Co-ops	106	93	94
	Joint Ventures (50% black ownership)	10	10	10
Black Growers Total		20 913	20 789	22 564
White	White Small Scale Farmers	156	160	126
	White Large Scale Farmers	807	781	789
White Growers Total		963	941	915
	Miller Sugar Cane Estates	50	46	45
Industry total		21 926	21 776	23 524

ITAFULA LESIBILI: Amathani omoba adiliviwe

Uhlobo	Ukubachaza	Umoba odiliviwe nge-season ka 19/20	Umoba odiliviwe nge-season ka 20/21	Umoba odiliviwe nge-season ka 21/22
Black	Black Small-Scale Farmers	1 627 683	1 675 785	1 726 615
	Black Large-Scale Farmers	1 916 162	1 955 921	1 960 361
	Projects and Co-ops	423 863	378 561	338 813
	Joint Ventures (50% black ownership)	746 662	742 393	639 444
Black Growers Total		4 714 370	4 752 660	4 665 233
White	White Small-Scale Farmers	105 159	102 419	81 537
	White Large-Scale Farmers	12 481 789	11 638 141	10 936 262
	Joint Ventures (50% white ownership)	746 662	742 393	639 444
White Growers Total		13 333 610	12 482 953	11 657 243
	Miller Sugar Cane Estates	1 193 833	984 853	876 701
Industry total		19 241 813	18 220 466	17 199 177

IZIKHUKHULA ZIDALE UMONAKALO OMKHULU KUBALIMI BASE MPUMALANGA



Indawo yaseNkomazi eMpumalanga ihlaselwe izikhukhula ngemuva kwemvula enkulu enethe amasono amabili ngo February walonyaka. Lokhu kube nomthelela ongemuhle kubalimi abaningi. INkomazi indawo enamasimi kamoba amahle aluhlaza. Ama-phrojekthi kamoba amanangi athintekile ngenxa yalenhlekelele, okubalwa kuwo nama-pump station nezakhiwo zakhona ezilimalile ezinye zashabalala. Amaphampu nezinto zikagesi eziningi zihambe nezikhukhula, amapayipi wona asahlolwa njengoba abehamba phansi emanzini ngenxa yokugcwala kwamanzi eziteshini. Omunye

umonakalo kube imigwaqo yalamaphrojekthi ilimalile, nezitshalo zomoba zifile okubalwa kukho nemishini yokunisela elimalile. Izingingo nezingodo zokubiya nazo zilimele ngesikhathi kunalezikhukhula.

Ukuhlolwa kwamasimi kwenziwe kuwo wonke amaphrojekthi athintekile okubalwa kuwo nalawo adinga ukutshalwa kabusha nokuthi kushintshwe kuwo izinsiza zokunisela, kanti futhi nokubhekwa kwezindleko zomonakalo wonke odalwe ilezikhukhula ufkwe kumbiko owenziwe i-SAFDA ngenhloso yokulungisa isimo samaphrojekthi.

Amanye amaphrojekthi athintekile kulenhlekelele kubalwa kuwo amaphrojekthi angaphansi kwe-SAFDA asenqobe imiklomelo futhi inhlangano eziqhanya ngawo kakhulu. Ngezansi kukhona uhlu lwamanye amaphrojekthi athintekile:

IVUKUSEBENTE yi-co-op engaphansi kwe-Dairy Project eseMangweni, eNkomazi. I-pump station inisela ama-hectare angu 134 amasimi omoba kusetshenziswa uhlelo lokunisela olubizwa nge-drip irrigation system. I-pump station yacwila emanzini ngesikhathi kunezikhukhula futhi kudingeka ishintshwe, nemigwaqo kufanele ilungiswe.



Izindleko sezisonke zokulungisa yonke into zilinganiselwa ku R 361 337,50.

IMBHUNU B PROJECT iprojekthi yomlimi kamoba waseMangweni, eNkomazi. I-pump station inisela amasimi kamoba ngokusebenzisa i-drip irrigation system. Ngakhone, kufanele konke kushintshwe, nomgwaqo ulungiswe. Izindleko zokulungisa yonke into zilinganiselwa ku R1 262 715,82. U-Table 4 ongezansi ukhombisa inani lezindleko zokushintsha nokulungisa isiteshi. Izithombe zomonakalo zikhonjisiwe ngezansi ngaphambi kwetafula lezindleko. Izithombe zamaphampu ekhukhulekile azikho.

ILUGEDLANE iprokethi yefamu eliseMangweni, eNkomazi. I-pump station inisela umoba ngokusebenzisa kokubili ama-sprinkler nedrip irrigation system. I-pump station yacwila yonke emanzini ngesikhathi kunezikhukhula. Izindleko zokulungisa yonke into





zilinganiselwa ku R446 157,98. U-Table 5 ongezansi ukhombisa inanilezindlekozonkezokushintsha nokulungisa isiteshi. Izithombe zomonakalo zikhonjisiwe kwitafula elingezansi ngaphambi kwaleli eliveza izindleko.

UMAKHUSHE CHICO umlimi ongaphansi kwe-Mbhunu B project yaseMangweni, eNkomazi. I-pump station ingene yonke ngaphansi kwamanzi ngesikhathi kuhlasele izikhukhula. U-Table 7 ongezansi ukhombisa inani lezindleko zokushintsha nokulungisa lesiteshi. Imali okubhekwe ukuthi inganelo ukulungisa yonke into ilinganiselwa ku-R220 929,64. Izithombe ezingezansi zikhombisa umonakalo ngaphambi kwetafula elikhombisa inani lezindleko.

I-MBULUZI Iphrojekthi yefamu elingaphansi kwe-Shinyokane project eseMangweni, eNkomazi. I-pump station ingene yonke ngaphansi kwamanzi ngesikhathi kuhlasele izikhukhula. U-Table 10 ongezansi ukhombisa inani lezindleko zokushintsha nokulungisa lesiteshi. Imali okubhekwe ukuthi inganelo ukulungisa yonke into ilinganiselwa ku-R. Izithombe ezingezansi zikhombisa umonakalo ngaphambi kwetafula elikhombisa inani lezindleko.



I-PHAPHAMANI iprojekthi yefamu elingaphansi kwe-Shinyokane project yaseMangweni, eNkomazi. I-pump station icwile yonke ngaphansi kwamanzi ngesikhathi kunezikhukhula. U-Table 11 ongezansi utshengisa izindleko zokushintsha nokulungisa lesiteshi. Lemali okubhekwe ukuthi inganelo ukulungisa yonke into ilinganiselwa ku R498 488,06. Izithombe ezingezansi zikhombisa umonakalo kanye netafula elikhombisa inani lezindleko.

I-SAFDA IXHASE I-NCORA NGAMA-HECTARE ANGU 100 KAMBILA



Izikimu zokunisela (Irrigation Schemes) ezincane zinamandla okuletha ushintsho olukhulu kwezenhlalo-mpilo nasemnothweni njengoba zinyusa umkhiqizo wokudla, ukuqedu ububha futhi ziletha amathuba emisebenzi. Ezikhathini eziningi, lezikimu zokunisela izona ezihamba phambili ekwakheni amathuba okuthuthukisa umnotho ezindaweni esikuyo. Ngeshwa, izikimu zokunisela eziningi zaloluhlobo sezawa ezinye ziyasokola ngenxa yezizathu ezahlukene. Ngenxa yokubaluleka kwalezikimu, ukuvuselelwa kwazo kubaluleke kakhulu futhi zenza umhlaba wokutshala ukulungele ukutshala izitshalo ezahlukene.

Izinhlelo eziningi zokuvuselela nokulungiswa kwezindawo zokunisela ziyaqhube ka lapha eNingizimu Afrika. Kulezinhlelo

kubalwa izinto eziningi njengokulungiswa kabusha nezinye izinhlelo ezsabalele lapho amaqembu amanangi esebeza ngokuzikhandla ukuze kubhekwe izinkinga ezithinta umkhiqizo wezolimo ezindaweni zokunisela ezincane. Kodwa njengamanje eNingizimu Afrika kubhekwe kakhulu ekulungisweni kwezakhiwo, akukagxilwa kakhulu kwezinye izinhlelo.

I-SAFDA ingene kwisivumelwano ne-Ncora CPA ukuze ibasize ngokuvuselelwa kwamasimi angu 5000 hectares abazonikezwa wona ngaphansi kohlelo Iwe-Land Restitution. I-SAFDA isize le-CPA ekwakheni i-business plan nokwakha umthethosisekelo wabo.

I-CPA iphinde yacela usizo kwi-SAFDA ukuze ikwazi ukutshala ama-hectare angu



100 ombila kule-season esikuyo. I-SAFDA isivumile lesicelo ngokubanikeza imali-mboleko engenayo inzalo ukuze kuqale umsebenzi ngesikhathi kusalindwe ukuthi amafamu bawathole ngokusemthethweni futhi besalinde nemali yesibonelelo abazoyithola.

Izinhlelo zomnotho zamaphrokthi eNcora

Imikhiqizo yokudla kwezilwane iyona makethe ebhekwe kakhulu. Amadlelo Dairy Company iyona nkampani ekhiqiza ubisi oluningi kulendawo okukhona kuyo lelifamu – lendawo isebangeni eliyikhilomitha kumasimi, okwenza kubelula ukumaketha nokudayisa umbila o-yellow abawukhiqizayo. Njengamanje



abalimi abakawudayisi umbila kodwa imakethe isikulungele ukudayiswa kwavo uma sewuniwe. Ezinye izimakethe ezibhekiwe kuzoba izimakethe zendawo njengabantu abadayisa emigwaqeni, ama-wholesaler nezinye izinkampani ezenza umkhiqizo ngombila.

Isimo samanje soxhaso lomkhiqizo wombila

AMAGAMA AMAPHROJEKTHI EZINKAMPANI	ISIMO ESIKUWO NJENGAMANJE	ISIBALO SAMA-HECTARE
Agri-mix	Matured yellow maize	25
Lowe Ncora Primary Cooperative	Inputs supplied – will plant in the new season	25
B2 Maize & Livestock Cooperative	Two (2) to three (3) hectares of yellow maize is about to produce cobs	25
Damani Cooperative	Inputs supplied – will plant in the new season	25

- Wonke amasimi abiwelwe futhi abhalwa kwimephu
- Kugcizelelwe ukuthi impumelelo yaloluhlelo izosiza ekutholeni usizo Iwezimali Lukahulumeni njengoba kubhaliwe kwi-business plan ye-SAFDA.
- Kufanele kulandelwe izinhlelo zokusebenza zendawo ngaso sonke isikhathi.

Ukwesekwa kwezomthetho-sisekelo we-CPA

ISESHINI YOKUQEQUESHWAL YOKUQALA ENIKEZWE ITHIMBA LE-NCORHA

I-SAFDA isingathe iseshini yokuqequesha yokuqala ne-CPA ebixile kulokhu okulandelayo:

- Ukwakhiwa kwezinhlaka ze-CPA nebhizinisi
- Umsebenzi womuntu ngamunye ku-CPA nohlaka Iwebhizinisi lwabo
- Ukupathwa nezindlela zokusebenza

ITHIMBA LE-NCORHA LITHOLE UKUQEQUESHWAL KWESIBILI

I-SAFDA lapha isingathe iseshini yokuqequesha i-CPA ngolwazi olulandelayo:

- Ukwakhiwa kwezinhlaka ze-CPA nebhizinisi
- Izinto ezilindelekile nezidingekayo uma kuvulwa i-account yasebhange yethimba le-Ncora (Kokubili uhlaka Iwebhizinisi ne-CPA)
- Kuxoxiswane nobambe isikhundla sika Sihlalo ngezidingo zabasebenzi okufanele baqashwe.
- Kulandwe ama-CV e-office administrator, okuvele sekubekwe njengesikhundla esibalulekile emahhovisi eNcora.
- Kuhlolle imfundo nesipiliyon somuntu obambe isikhundla sika Sihlalo okwesikhashana.
- Seluleke saphinde sabonisa iziphathimandla ngezikhundla okufanele kuqashwe abantu ngokushesha kuzo.
- Ukwakhiwa kwe-logo ye-Ncora
- Sibheke isakhiwo samahhovisi futhi sapenda amahhovisi amabili.

Izinyathelo ezilandelayo

- Ukulandeleta ukuthi ukugunyazwa kwe-Section 42© kuqhube ka kanjani nama-notice ka Ngqongqoshe
- Ukwensiwa kwama-banner eNcorha
- Ukuvulwa kwe-account yasebhange yohlaka Iwebhizinisi ikhona okuzokwenziwa kuqala ngaphambi kwe-account yasebhange ye-CPA
- Ukwensiwa kwe-branding yehhovisi lase-Mthatha
- Ngenxa yokuzibandakanya kwe-SAFDA kwi-Ncora, sesiyingxene ye-task team yase-Eastern Cape evuselela izinhlelo zokunisela, ejwayele ukubamba imihlangano nezinhlaka ezahlukene esisebenzisana nazo ngenhlosa yokuvuselela izikimu ezinhlanu ukuze zisebenze ngokuphelele.

ITHALA DEVELOPMENT FINANCE CORPORATION



Siyinhlangano, Ithala Development Finance Corporation (IDFC), sisaqhubeka nokuzimisela kwisibophezelo sethu sokusiza nokuthuthukisa abantu baKwaZulu-Natali, ikakhulukazi labo abasebenzela ezindaweni zasemalokishini nasezindaweni zasemakhaya.

I-IDFC ilokhu ibamba izingxoxo nabanye abalingani bayo abahlukene kulesifundazwe saKwaZulu-Natali ngenhlosu yokusebenzisana ukuze kwakhiwe amathuba emisebenzi ngezinhlelo zethu zama-SMMEs kanye nama-Co-ops. Lokhu kusebenzisana angeke nje kube sephepheni kuphela, kodwa kuzoba nezinhlelo okuzoqinisekiswa

ukuthi ziyanziwa ukuze kusizakale abantu baKwaZulu-Natali ngoxhaso lwezimali nolunye usizo okungesilona olwemali.

Imboni yezolimo iyona namanje ene-portfolio enkulu kwi-IDFC, okubonakala ngokuba no 39% kumabhuku ezimali-mboleko ayo kwinhlangano ye-IDFC. Lokhu kwenzeke ngemuva kokubonakala ukuthi lemboni iwukhiye ekuthuthukiseni umnotho wasezindaweni zasemakhaya nasemalokishini. Imikhiqizo engaphansi kwalemboni yakhelwe ukusiza ama-SMMEs nama-Co-operatives ukuze akwazi ukusebenzisa umhlaba ngendlela

enenzozo. Inhlangano ye-IDFC inikeza abalimi izixazululo ngokwezimali lapho kugxilwe khona kwimikhiqizo efana nomoba, izitshalo zokusanhlamvana, izithelo, izihlahla, izitshalo zokudla kanye nemfuyo. Usizo lwezimali olunikezwa abalimi kubalwa kulo imali yokulungisa umhlaba nezakhiwo, imali yempahla, imali yokwenza umsebenzi, imali yemfuyo kanye noxhaso-mali lokuthuthukiswa kwabantu abansundu.



Abe-IDFC baxhumane baphinde babambisana ne-SAFDA njengophathina bezimali ngenhloso yokunikeza abalimi abasathuthuka nalabo abangaphansi kwamabhuku ethu usizo, ukuze bakhe amabhizinisi akhulayo azokwazi ukubhekana nezinselelo ezikhona njengamanje ezweni. Okunye, lezinhlango zombili zizibophezele ukuxhasa amaphrokethi ezolimo asathuthuka, ukuhlela kabusha izikweletu, ukuthola uxhaso lwezimali ukuze kutakulwe amafamu abalimi.

Lokhu kusebenziana angeke nje kusize abalimi ngemali-mboleko nezimali zokwenza umsebenzi nezokubhekela umsebenzi uma sewenziwe kuphela, kodwa kuzolethela abalimi imali yesibonelelo ukuze kwehle umthwalo wabalimi asebegunyaziwe, uma nje lelobhizinisi lizohambisana nazo zonke izidingo zoxhaso lwemali ze-IDFC. Ngaphansi kwalokhu kubambisana, abe-IDFC banikeze uxhaso abalimi abasemonini kamoba futhi babahlomulisa ngesibonelelo semali esingu 10%, konke okuhlelwe inhlango ye-South African Sugar Association.

Abe-IDFC Business Finance bagunyaze imali engaphezulu kuka R300m yokuxhasa ama-SMMEs nama-Cooperatives ezindaweni zase KZN kunya ka 2022/23, iapho u-R46m ubekelwe umkhakha wezolimo nokwenziwa kwemisebenzi yezolimo. Sikhipe imali engaphezulu kuka R209m kuma SMMEs nama-Cooperatives ngonyaka odlule wezimali futhi sasiza ama-SMMEs ukuthi akhe amathuba emisebenzi engaphezulu kuka 2000. Abe-IDFC basazinikele

ekufezeni isibophezelo sabo sokuthuthukisa umnotho waKwaZulu-Natali futhi benze umehluko obonakalayo kuma SMMEs nama Cooperative.

Ukuze uthole imininingwane engeziwe xhumana ne-IDFC ngalemininingwane elandelayo:

ITHALA DEVELOPMENT FINANCE CORPORATION

29 Canal Quay Road, Point Waterfront, Durban,
(031) 907 8911

Email:
talktous@ithala.co.za

Facebook: @MyIDFC

Website: www.ithala.co.za



SAFDA is proud to introduce a **Funeral cover** for you at **no extra cost** from the airtime and data you purchased”
+ **free smartphone.**

SAFDA discounted airtime that comes with benefits :

- Funeral cover
- Smart Cellphone
- Airtime
- Data bundles


Association Members (18 – 64) under the

ESSENTIAL PLAN PRODUCT:

- **Essential 10**
- **Essential 15** includes optional¹ funeral service
- **No Waiting Period**

1. Upon claim, active members can opt for funeral services to the value of their cover. Final list of service benefits to be provided.

2. National coverage in the following provinces – Gauteng, Limpopo, Mpumalanga, KZN & Eastern Cape.



Individual Member Gross Premium

	Essential 10	Essential 15
Cover Amount	R 10,000	R 15,000
Service		

SAFDA						Pricing	
Term		Devices	Voice	Data		Essential 10	
			Anytime Minutes	Anytime Data	Promo Data	Funeral Cover	
36		Sim Only	100	1GB	2GB	Essential 10	R140,00
		Samsung Galaxy A04	100			Essential 10	R170,00
		Samsung Galaxy A04	50	1GB		Essential 10	R180,00
		Samsung Galaxy A04	100	1GB	2GB	Essential 10	R200,00

SAFDA						Pricing	
Term		Devices	Voice	Data		Essential 15	
			Anytime Minutes	Anytime Data	Promo Data	Funeral Cover	
36		Sim Only	100	1GB	2GB	Essential 15	R160,00
		Samsung Galaxy A04	100			Essential 15	R190,00
		Samsung Galaxy A04	50	1GB		Essential 15	R200,00
		Samsung Galaxy A04	100	1GB	2GB	Essential 15	R250,00

For any further enquiries please dial us on:

+27 (0) 31 508 7283

or email: info@sa-fda.org.za

Underwritten by



In Partnership with



An Authorised Financial Services Provider | FAIS FSP No. 35947 | Legal